

## USARS uzolukhipha kuMasingana 2022 ushicilelo lwesi-14 Lwezibalo Zentela

17 kuZibandlala 2021 – Kuleminyaka eyi-13 eyedlule, uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika kanye neHhovisi loMgcinimafa kaZwelonke bebevame ukushicilela ngokuhlanganyela umbiko wonyaka *Wezibalo Zentela*.

Ushicilelo lwe-14 *Lwezibalo Zentela* luzoshicilelwa mhla zingama-20 kuMasingana 2022. Ushicilelo lowezi-2021 luzohlinzeka ngohlaka lwemalingeniso eqoqwayo ngentela kanye nolwazi lwamafomu okubuyisa intela onyaka wentela wezi-2017 kuya kowezi-2020, kanjalo nolonyakamali wezi-2016/17 kuya kowezi-2020/2021.

Ushicilelo Lwezibalo Zentela lowezi-2021 luzoqhubeka lwakhe kumbuyisambiko mayelana noshicilelo olwedlule futhi luzoma kanje:

- Isahluko 1 sihlizeka kafushane ngomkhuba wokulandeleka kokuqoqwa kwentela engenayo.
- Isahluko 2 sihlizeka ngohlaka lwentela yengenisomali yomuntu ehloliwe yalabo bakhokhintela ababhalisile. Siphinde sihlizeke ngolwazi ngengenisomali eliyidonselwantela ngokweqoqo lengenisomali, iminyaka yobudala, ubulili, umthombo yengenisomali, imihlomulo eyengeziwe, izibonelelo kanjalo nokubanjwayo.
- Isahluko 3 sihlizeka ngohlaka lwengenisomali lwentela yezinkampani. Sihlizeka ngolwazi lwengenisomali eliyidonselwantela ngokweqoqo lengenisomali, umkhakha kanye nohlobo lwebhizinisi.
- Isahluko 4 sihlizeka ngohlaka lweNtelantengo. Sihlizeka ngokuhlukana kwentelantengo kanjalo nezimali ezibuyiswayo zemikhakha nezigaba zezinkokhelo kanjalo nohlaka lwemininingo ngentelantengo yomkhiqizo owenziwayo nothengiswayo njengoba ususelwa emafomini entelantengo athunyelwa abathengisi.
- Isahluko 5 sihlizeka ngolwazi lwenani ehhovisi elilawula impahla emngceleni ngezimpahla ezikhishwa ezweni ngokohlobo lomkhiqizo ngokohlelo oludidiyele i-Harmonised System, kuye ezingeni lesahluko, kanjalo nentelantengo yempahla engeniswa ezweni, intelo yasehhovisi elilawula impahla emngceleni/intelo empahleni engeniswa ezweni kanjalo nemali eqoqwayo ku-*ad valorem excise duty* ezimpahleni ezingeniswe ezweni.
- Isahluko 6 sihlizeka ngolwazi ngezinye izimali eziqoqwe ngaphandle kwezinhlobongqangi zentela. Lezi zimali zibandakanya imininingo ngeNtelo Yokudlulisa, iNtela Yenzuzomali, iNzuzobunini Yezimbiwa Nokusaphethilomu, imininingo yokuhweba nemali eqoqwayo ye-SACU kanjalo nezimali ezibuyiswayo zikadizili/isiphehlilandla.

Njengenjwayelo, iveshini ye-elektronikhi namathebuli Ezibalo Zentela kuzoshicilelwa kuzizindalwazi sakwaSARS nesaseHhovisi loMgcinimafa kaZwelonke emva kokukhishwa koshicilelo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nabakwaSARS noma iHhovisi loMgcinimafa kaZwelonke kulawa makheli [SarsMedia@sars.gov.za](mailto:SarsMedia@sars.gov.za) naku [media@treasury.gov.za](mailto:media@treasury.gov.za).